**Umsebenzi 1, imibuzo 1–6**

Lalela inkulumo eyethulwa nguMnumzane Gumede emayelana nokuhlelela uhambo ngamaholide.

Phendula imibuzo elandelayo ngokufaka uphawu (✓) ebhokisini elifanele eliseceleni kwesitatimende ukukhombisa ukuthi **siliqiniso** noma **singamanga**.

Uzoyizwa kabili le nkulumo.

Uzonikwa ithuba lokufundisisa imibuzo kuqala.

| | | **Iqiniso** | **Akusilo** | |
|---|---|---|---|---|
| **1** | UMnumzane Gumede ukholwa ngukuthi ukuba neholide elimnandi kubaluleke ngokufana nokuba namandla okulikhokhela. | ☐ | ☐ | [1] |
| **2** | UMnumzane Gumede ucabanga ukuthi ukubekisa iholide ngomzuzu wokugcina kungaba yinto enhle uma ungakhethile ukuthi uhamba nini nokuthi uya kuphi. | ☐ | ☐ | [1] |
| **3** | UMnumzane Gumede ucabanga ukuthi ukusebenzisa icredit card uma unohambo kungumqondo ongemuhle. | ☐ | ☐ | [1] |
| **4** | UMnumzane Gumede uncoma ukuthi kulungiswe izinto eziningi ezizokwenziwa ngabantwana abancane ukuvimbela ukuba bangabi nesizungu. | ☐ | ☐ | [1] |
| **5** | UMnumzane Gumede ucabanga ukuthi indawo ezovakashelwa ibalulekile kunobuhle behotela ozolala kulo. | ☐ | ☐ | [1] |
| **6** | UMnumzane Gumede uncoma ukuthi izivakashi zithenge izipho zomndeni nabangani ngoba zivamile ukuzikhohlwa. | ☐ | ☐ | [1] |

[Amamaki: 6]

© UCLES 2015

**Umsebenzi 2, imibuzo 7–11**

Lalela ingxoxo noMinenhle Dlamini oyintatheli yezemidlalo noSithembiso Kubheka, ongumsakazi.

Phendula umbuzo ngamunye ngokufaka uphawu (✓) ebhokisini eliseceleni kwempendulo okuyiyona yona, A, B, C no D.

Uzoyizwa kabili le ngxoxo.

Uzonikwa ithuba lokufunda imibuzo kuqala.

**7** UMinenhle …

| | | |
|---|---|---|
| **A** | | wayekufuna kakhulu ukuba yintatheli yezemidlalo. |
| **B** | | ekuqaleni wayefuna ukuba ngumdlali webhola lezinyawo okhokhelwayo. |
| **C** | | waba yintatheli yezemidlalo ngephutha emva kokuqeda isikole. |
| **D** | | wafundela ukuba yintatheli enyunivesithi. [1] |

**8** UMinenhle ukholelwa ukuthi intatheli yezemidlalo kumele ibe …

| | | |
|---|---|---|
| **A** | | nezwi elicacile. |
| **B** | | ibe nekhono lokusebenzisa ulimi kahle. |
| **C** | | ibe nekhono lokufunda kahle. |
| **D** | | nothando lwezemidlalo. [1] |

**9** UMinenhle uchitha isikhathi esiningi elungiselela imidlalo …

| | | |
|---|---|---|
| **A** | | yamaqembu angawazisisi kahle kunamaqembu adumile. |
| **B** | | yamaqembu adumile kunaleyo yamaqembu angawazisisi kahle. |
| **C** | | yemidlalo ebalulekile kunaleyo engenakho okuningi okudlalelwayo. |
| **D** | | kunezintatheli ezinye zebhola lezinyawo. [1] |

© UCLES 2015

**10** NgokukaMinenhle …

| | |
|---|---|
| **A** | abantu abaningi bacabanga ukuthi ukuba intatheli yezemidlalo kunzima kunalokho okuyikho. |
| **B** | ukuba yintatheli yezemidlalo kunzima ngoba kuyenzeka angakuboni okwenzekayo. |
| **C** | ukuba yintatheli yezemidlalo kunzima ngoba kumele akhulumele phezulu. |
| **D** | ukuba yintatheli yezemidlalo kunzima ngoba kumele wenze izinto eziningi ngesikhathi esisodwa. |

[1]

**11** UMinenhle ...

| | |
|---|---|
| **A** | unomdlandla omncane ngokuphawula ngemidlalo yesintu yamaZulu. |
| **B** | angathanda ukuphawula ngemidlalo yesintu, ngaphandle kweyamaZulu. |
| **C** | ukuthola kulula ukungachemi uma kudlala iqembu lakhe alithandayo. |
| **D** | ukuthola kunzima ukungachemi uma kudlala iqembu lakhe alithandayo. |

[1]

[Amamaki: 5]

**Umsebenzi 3, umbuzo 12**

Lalela inkulumo eyethulwa nguMama Raja umphathi wesikole sokufundela ukupheka lapho enikeza amasu ngezidlo zikaKhisimusi ezizoyizayo.

Gcwalisa amanothi alahlekile ezikhaleni **ngesiZulu**.

Uzoyizwa kabili le nkulumo.

Uzonikwa ithuba lokufundisisa kahle imibuzo.

**AMANOTHI NGENKULUMO KAMAMA RAJA**

Okuhle ngokucela izivakashi ukuthi ziphathe ukudla:

1 konga imali

2 .................................................................................................................. [1]

Zilungiselele ngaphambili ngoku:

1 khetha ukudla osekulungisiwe (njengekhekhe likaKhisimusi)

2 .................................................................................................................. [1]

Izinhlobo zemifino enconywayo: ................................................................................ [1]

Lapho ungathola khona ngezindlela ezisheshayo nezilula zokupheka inyama:

.................................................................................................................. [1]

Amasu okuthenga ukudla ngaphandle kwenyama nemifino:

1 bala inani lezivakashi zakho

2 qhathanisa intengo yokudla

3 .................................................................................................................. [1]

4 .................................................................................................................. [1]

Okumele kwenziwe ngenyama esalile:

.................................................................................................................. [1]

Amasu okuba neziphuzo ezisezingeni eliphezulu elilingene amandla:

1 ukwakha isiphuzo sejusi yezithelo

2 thola iwayini elibovu nelimhlophe

3 .................................................................................................................. [1]

4 khumbula ukucela izivakashi zakho ukuthi ziziphathele iziphuzo

[Amamaki: 8]

© UCLES 2015

**Umsebenzi 4, imibuzo 13–20**

Lalela le ingxoxo noSolwazi Mkhize weNyuvesi yaKwaZulu-Natal emayelana nentsha nezokuxhumana, bese uphendula imibuzo ezolandela ngezansi **ngesiZulu**.

Uzoyizwa kabili le ngxoxo.

Uzothola ithuba lokufunda imibuzo kuqala.

**13** Ezokuxhumana ziyithinta kanjani impilo yomuntu omusha, ngokusho kukaSolwazi Mkhize?

..........................................................................................................................................

.................................................................................................................................... [1]

**14** Impilo kaSolwazi Mkhize yasebusheni bakhe ihluke kanjani kuleyo ephilwa yintsha esikhathini sanamhlanje?

..........................................................................................................................................

.................................................................................................................................... [1]

**15** Sibonelo sini esinikezwa nguSolwazi Mkhize esivela empilweni yemihla ngemihla ngesizwe esingakwazi ukwakha ubudlelwane.

..........................................................................................................................................

.................................................................................................................................... [1]

**16** Iyiphi inkinga eshiwo nguSolwazi Mkhize evela ngokusebenzisa umakhalekhukhwini emgwaqweni?

..........................................................................................................................................

.................................................................................................................................... [1]

**17** **(a)** NgokukaSolwazi Mkhize, yikuphi okuhle ezokuxhumana ezithinta ngayo impilo yabantu abasha?

..........................................................................................................................................

.................................................................................................................................... [1]

**(b)** Yisiphi isibonelo **esisodwa** asinikayo ngalokhu?

..........................................................................................................................................

.................................................................................................................................... [1]

**18** USolwazi uMkhize uthi yikuphi okubi okungumthelela kamabonakude kubantu abasha? Nika izibonelo **ezimbili**.

**(i)** ....................................................................................................................................

.................................................................................................................................... [1]

**(ii)** ....................................................................................................................................

.................................................................................................................................... [1]

**19** Ezokukhangisa zikuletha kanjani ukungezwani phakathi kwabantwana nabazali, ngokusho kukaSolwazi Mkhize?

....................................................................................................................................

.................................................................................................................................... [1]

**20** Yiziphi izeluleko **ezimbili** ezinikezwa nguSolwazi Mkhize kubazali?

**(i)** ....................................................................................................................................

.................................................................................................................................... [1]

**(ii)** ....................................................................................................................................

.................................................................................................................................... [1]

[Amamaki: 11]

Permission to reproduce items where third-party owned material protected by copyright is included has been sought and cleared where possible. Every reasonable effort has been made by the publisher (UCLES) to trace copyright holders, but if any items requiring clearance have unwittingly been included, the publisher will be pleased to make amends at the earliest possible opportunity.

To avoid the issue of disclosure of answer-related information to candidates, all copyright acknowledgements are reproduced online in the Cambridge International Examinations Copyright Acknowledgements Booklet. This is produced for each series of examinations and is freely available to download at www.cie.org.uk after the live examination series.

Cambridge International Examinations is part of the Cambridge Assessment Group. Cambridge Assessment is the brand name of University of Cambridge Local Examinations Syndicate (UCLES), which is itself a department of the University of Cambridge.